SS 4

Isihloko sesifundo: Isambulo (2)

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya

Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **Isambulo (2)**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo: • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). **Qaphela:** 2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile. 2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho! *Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.* 2.3: Lesisifundo silungele ibanga le-**SS 4.** 2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho we-**SS 4** uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.

Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. ***Isibonelo***: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela.
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo se-**SS 4** nomunye umndeni osifundayo nawo.

2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.

3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.

4. Khuluma noMxhumanisi wesikole sangeSonto webandla lakho noma uThisha bazimisele ukukusiza.

Isifundo

Isihloko	Isambulo (2)
Umbhalo weBhayibheli	Isambulo izahluko 19; 20; 21; 22
Inhloso yesifundo	Izingane zifunda ukuthi uNkulunkulu uzodala izulu elisha nomhlaba omusha. Ngentokozo sizilungiselela impilo yethu yaphakade noNkulunkulu.

Isifundo esifingqiwe:

● Ngesonto eledlule sifunde ngedili lomshado wokuhlanganyela kwaphakade noNkulunkulu okusilindeleyo, uma sihlala sithembekile futhi sinqoba isono.
● UmPhostoli uJohane ubhala futhi ngokuzokwenzeka ngemuva kwedili lomshado wewundlu.
● Ingelosi izokwehla ezulwini ibophe uSathane (uSathane uzoba yisiboshwa) iminyaka eyinkulungwane.
● INkosi uJesu izokwakha umbuso wokuthula ozohlala iminyaka eyinkulungwane uSathane aboshwe ngayo.
● Labo abayobamba iqhaza ovukweni lokuqala bazobusa noJesu njengabaPristi bakaNkulunkulu kulena minyaka eyinkulungwane.
● UmPhostoli uJohane naye wabona izulu elisha nomhlaba omusha.
● IDolobha (umuzi) eliNgcwele elidalwe nguNkulunkulu lizokwehla livela ezulwini liye emhlabeni omusha futhi nesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu sikuwo lomuzi (dolobha).
● Bonke abayohlala noNkulunkulu, abamkhonzayo futhi bavunyelwe ukumbona futhi negama laKhe lizobe libhaliwe emabunzini abo.
● Yilabo kuphela amagama abo abhalwe encwadini yokuphila abazongena kulo muzi omuhle babuse noNkulunkulu ingunaphakade.
● Isambulo somPhostoli uJohane siqinisekisa isithembiso sokubuya kukaKristu.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

● UKristu usilungiselela indawo ekhethekile.

● UKristu wathembisa ukubuya, futhi Yena uzosigcina isithembiso saKhe.

● Ngokuthokoza kumele sizilungiselele ukuhamba naYe lapho eza ukusilanda.

● Kumele silwele ukuba ngabanqobi besono ukuze sizuze lo muzi njengefa.

● Sifuna ukubusa noNkulunkulu ingunaphakade.

Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Ingabe yini eyenziwa yingelosi kuSathane na?

IMP: Yambopha iminyaka eyinkulungwane. Yathatha uSathane njengesiboshwa iminyaka eyinkulungwane.

2. Ingabe uKristu wahamba wayosidalela izulu nomhlaba omusha na?

IMP: Yebo, wakwenza.

3. Ingabe ucabanga ukuthi lizobukeka kanjani izulu nomhlaba omusha na?

IMP: Izingane zixoxa ngokuthi zicabanga ukuthi isimo sizobukeka sinjani.

4. Ingabe yini okufanele siyenze ukuba singene kuleli zulu elisha na?

IMP: Kufanele sikhonze uNkulunkulu futhi sinqobe sonke isono.

5. Ingabe uyafuna ukuhamba noKristu lapho ebuya ukuzosilanda na?

IMP: Yebo.

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen

Baba siyabonga ngalolu suku.

Umsebenzi wakho uyiNkosi enhle kakhulu futhi sithi siyabonga ukuthi nathi singaba yingxenye yalo msebenzi omuhle kangaka.

Ngiyabonga ukuthi sikwazi ukusebenzela izingane zethu zangeSonto LangeSonto ngaphansi kwalezi zimo.

Ubusise bonke abazali bethu bezingane nothisha beSonto LangeSonto nomaphi lapho behlangana khona ukuze babe nezifundo zabo.

Ngisebenzise njengamathuluzi ukuletha izwi lakho ezinganeni zethu ukuze izingane zethu ziqonde umsebenzi wakho wensindiso.

Ngegama likaJesu ngithandaza "Amen"